INKULUMO YESABELOMALI KA 2017/18

NKK. BELINDA FRANCIS SCOTT

UNgqongqoshe wezeziMali

INkulumo kaNgqongqoshe wezeziMali uBelinda Scott yomhla ka 7 Mashi 2017:
Ayethula esiShayamthetho sesiFundazwe maqondana neSabelomali sonyaka ka 2017/18

ISBN No.: 1-920041-13-3

Ukuthola amakhophi alo mbhalo, thintana no:

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni
5th Floor
Treasury House
145 Chief Albert Luthuli Road
Pietermaritzburg
3201

P.O. Box 3613
Pietermaritzburg
3200

Tel: +27 (0) 33 – 897 4310
Fax: +27 (0) 33 – 897 4617

INkulumo kaNgqongqoshe wezeziMali uBelinda Scott yomhla ka 7 Mashi 2017:
Ayethula esiShayamthetho sesiFundazwe maqondana neSabelomali sonyaka ka 2017/18

ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

INkulumo yeSabelomali eyethulwa nguNkk. B.F. Scott

uNgqongqoshe wezeziMali,

Wethula iSabelomali sika 2017/18 MTEF esiShayamthetho sesiFundazwe

mhla ka 7 Mashi 2017

EZOMNOTHO NGESO ELIBANZI

Ukubuka isimo emhlabeni jikelele nasezweni

Mama Somlomo, Malungu aHloniphekile, kuyinjabulo kimi ukwethula iSabelomali sesiFundazwe KwaZulu-Natal kule Ndlu namuhla. Isimo somnotho yiso okwakhelwa kuso isabelomali futhi sihlinzekela ngezimo isabelomali esethulwa ngaphansi kwazo.

Njengoba ebekile uNgqongqoshe wezeziMali kuZwelonke, uMhlonishwa Pravin Gordhan, enkulumweni yakhe yesabelomali emasontweni amabili edlule, umnotho waseNingizimu Afrika usakhula ngezinga eliphansi kakhulu. Yize noma kulindeleke ubungcono obuncane kwisabelomali sika 2017/18, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ulindele ukuba umnotho wezwe ube ntekenteke, ukhule ngo 1.3% ku 2017 nango 2% ku 2018. Niyazi-ke ukuthi lokhu kukhula okulinganisiwe kungaphansi kokukhula okudingekayo ukuze sihlangabezane nezinhloso zeNational Development Plan kanye nezeProvincial Growth Development Plan (PGDP).

Izikweleti zikaHulumeni kanye nokuhlelwa kabusha kwezezimali

Njengoba ebeke kahle uMhlonishwa uGordhan, ukukhuphuka kancane komnotho kudala ukuba libe phansi izinga lentela eqoqwa nguhulumeni. Lokhu kusho ukuthi kumele siboleke imali ukuze sibhalansise isabelomali. Ngo 2017/18, ushodi wesabelomali uzoba ku 3.1% weGDP. Ngakho, kuyacaca ukuthi sidinga ukuqhubeka nohlelo lokuhlela kabusha izimali ukuze silungise isimo sezikweleti zethu. Uma singakwenzi lokho, izindleko zokukhokhela izikweleti zethu zizoba phezulu kakhulu, ziphazamise nokuhlinzekwa kwezidingo. Njengoba sikhuluma nje, izwe lisebenzisa u R162.4 billion ngonyaka ukukhokha izindleko zezikweleti. Lesi simo kasikhoneki.

Ukubeka esimweni esifanele ukukweleta kwethu ngenye yezinto ezingaqinisekisa ukuthi izwe lethu ligcina igama kanye nezinga lalo lokuboleka lilihle ezinhlakeni ezikala amazinga okubeleka izimali. Mayelana nalokhu, iKwaZulu-Natal izoqhubeka nendima yayo yokweseka uhlaka lweZwe lokuhlela kabusha izimali.

Ngale kohlelo lokuhlela kabusha izimali, izwe liyaqhubeka nokukhuphula isabelomali semisebenzi yezenhlalo, efana nemfundo eyisisekelo, ezempilo, ezokuhlaliswa

kwabantu, kanye neminye. Siyaqhubeka futhi nokutshala izimali ekuthuthukiseni ingqalasizinda.

Isimo sezomnotho eKZN

Ukukhula komnotho wesifundazwe sethu akwehlukile kunalokho okwenzeka ezweni kanye nasemhlabeni jikelele. Silindele ukukhuphuka ngo 1.1% ku 2016 kanye no 1.5% ku 2017. Lokhu kukhula kancane komnotho wesifundazwe kudalwa, ikakhulukazi, ukungenzi kahle emkhakheni wezolimo, amahlathi nokudoba, izimayini nezokumbiwa phansi, ugesi, kanjalo nozohwebo.

Ngenxa yalokhu kukhula kancane komnotho, izinga lokungasebenzi kwabantu bethu liyaqhubeka nokuba phezulu ku 25.9%. Okukhathaza nakakhulu ukuthi u 50% walaba bantu abangasebenzi yintsha.

Yize noma ukubukeka komnotho kulufifi, kunethemba lokuthi lokhu kuzoshintsha. Sesiqalile ukubona ubungcono kwintengo yezimbiwaphansi. Amandla emali yaleli lizwe athe ukwenyuka kancane uma eqhathaniswa neyamazwe amakhulu. Yize noma amandla emali ezothinta ukuthumela kwamanye amazwe imikhiqizo, azoqinisekisa ukuthi izinga lemali yokukhokhela impahla engena ezweni limi kahle.

Esifundazweni, kunezinhlelo eziningi eziqalisiwe ezizosiza ukukhuphula umnotho nokuzodala uguquko olufanele kwezomnotho. Olunye lwalezi zinhlelo uhlelo lwe Radical Agrarian Socio-Economic Transformation (RASET) oluholwa nguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo, futhi uma kunesidingo sokwengeza uxhaso, lokhu kungenzeka ngokuqhubeka konyaka. Uzokhuluma kakhulu ngalolu hlelo uma esethula isabelomali sakhe ku Vote 4.

Yize noma uhulumeni esenze inqubekelaphambili enkulu ekuguquleni umnotho eminyakeni engu 23 eyedlule, kuningi okusadinga ukwenziwa mayelana nalokhu, njengoba izinga loguquko lihamba kancane kanje. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi uhulumeni aqalise uhlelo olunzulu lokuhlela kabusha umnotho. Ukukhula ngaphandle koguquko kuzosho ukuthi ukungalingani kuzokwenyuka nokuphikisana kakhulu nalokho uhulumeni ahlose ukukufeza. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke uthe umthethonqubo obuyekeziwe wokunika amathuba labo ababencishiwe esikhathini esiphambili uzoqala ukusebenza kusukela mhla ka 1 Ephreli 2017 kanti ifaka nokuthi amathenda angasetshenziswa ukuhlomulisa imiphakathi ethile, efana nabantu besifazane abamnyama, phakathi kokunye. Ngiyaqinisa ukuthi isifundazwe sizibophezele ukuletha uguquko lwezomnotho nasekuqinisekiseni ukubamba iqhaza elibonakalayo kwabantu abamnyama emnothweni wezwe.

ISIMO SESABELOMALI KANYE NOKUBHEKELELWA KWENQUBOMGOMO YEZEZIMALI

Isimo sikaZwelonke

Ngenxa yalesi simo somnotho esingesihle, kanjalo nesidingo sokuhlinzeka ngemali eyengeziwe yemisebenzi yezenhlalo ebekwe eqhulwini, kubalulekile ukuba siqinise uhlelo lokuhlanganisa izimali, luhambisane nesengezo sesabelomali, sibe siqinisekisa ukuvikeleka kwezidingongqangi zezenhlalo. Ngale kokuhlela kabusha kwezimali kanye nokuncishiswa kwesabelomali kwakamuva, engizokuchaza nje maduze, isabelo sezifundazwe, ngokulingana ezifundazweni zonke eziyisishiyagalolunye, sikhule cishe ngo 7.2% kulo nyaka wesabelomali sika 2017/18, ngakho-ke angeke luphazamiseke uzinzo lwesabelomali sikazwelonke.

Yize noma isabelomali sika 2016/17 saba nokuhlelwa kabusha kwezimali kanye nokuncishiswa okukhulu kwesabelomali esifundazweni, isabelomali sika 2017/18 sona asinakho ukuhlelwa kabusha kwezimali kanye nokuncishiswa kwesabelomali okutheni.

Ngokufanayo, kukhona ukuncishiswa okwenziwe emalini eyisibonelelo sezifundazwe kodwa nakho lokhu akukukhulu kangako. Bekunesidingo sokuba kuncishiswe imali yesibonelelo sezifundazwe ukuze kwesekelwe imizamo kahulumeni yokuhlela kabusha izimali. Sengikushilo lokhu, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke usululeke ngokuthi ukuncishiswa kwemali yesibonelelo sezifundazwe kwisabelomali sika 2017/18, uma kuqhathaniswa nemizamo eyedlule yokuhlela kabusha izimali, kube kakhulu kulezo zibonelelo ezingasebenzi kahle, kanye nakulezo zibonelelo ezikhula kangcono kunokwejwayelekile ngendlela yokuthi ukuncipha kwaso akuphazamisi kakhulu ukuhlinzekwa kwezidingo.

Isabelomali sesifundazwe ngisethula ngaphansi kwalezi zimo namuhla.

Isimo sesiFundazwe

IsiFundazwe iKwaZulu-Natal sincishiselwe kakhulu isabelomali eminyakeni eyedlule emibalwa. Okunye kwalokhu kuncishiswa bekungenxa yemininingwane yakamuva eqondene nendlelakubala yokwaba ngokulingana isabelomali sezifundazwe, ekubeni okunye bekudalwa uhlelo loMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke lokuhlanganisa izimali. Njengoba sengishilo, ngeshwa asisindanga ekuncishiselweni izimali nakulesi sabelomali sika 2017/18.

Kunezinhlobo ezimbili zokunchishiswa kwesabelomali sezifundazwe ngokulingana (Provincial Equitable Share), kanjalo nokuncishiswa okwenziwe ngokwengenisomali yangaphakathi esifundazweni (Provincial Own Revenue). Ngale kwalokhu, kukhona nokuncishiswa kwezimali okwenzeke ezabelweni zezibonelelo zezifundazwe kanti imininingwane yalokhu ngisazoyihlinzeka.

Table 1: Provincial Equitable Share and Own Revenue Reductions

Description	2017/18	2018/19	2019/20
1. PES reduction due to data updates	(188 708)	(231 760)	(454 884)
2. PES Fiscal Framework reductions	(105 980)	(111 828)	(117 862)
3. Total PES reductions	**(294 688)**	**(343 588)**	**(572 746)**
4. Provincial Own Revenue reductions	(144 944)	(145 405)	(216 364)
5. Total PES and OR reductions	**(439 632)**	**(488 993)**	**(789 110)**

Ukuncishiswa kokuqala kwesabelo sesifundazwe ngokulingana kuqondene nokubekwa kwakamuva kwemininingwane eqondene nendlelakubala yokwabiwa kwezimali zesifundazwe ngokulingana kanti lokhu kukhonjisiwe kumugqa 1 weThebhula 1. Le ndlelakubala eyakamuva futhi inemininingwane emisha yeCensus 2011 – iminyaka yabantu, isilinganisosibalo sabantu sika 2016 saphakathi nonyaka, i 2016 School Realities Survey (SNAP Survey), i 2014 GDP-R, ulwazi ngokwezifunda zezempilo lwemininingwane yeziguli eyafakwa ngo (2014/15 – 2015/16), i 2012 risk adjusted index (risk equalization fund), abantu abanezikhwama zemishwalense (2015 GHS), kanye nocwaningo luka 2010 lwengenisomali kanye nokusetshenziswa kwemali (Income and Expenditure Survey). Amasheya amasha azoqaliswa kancane kancane eminyakeni emuthathu, njengoba kuvame ukwenzeka lokhu. Lokhu kusho ukuthi isabelo saseKZN sinciphe ngo 0.22% esabelweni sezifundazwe ngokulinganayo, ngakho-ke, isifundazwe silahlekelwa u R188.708 million, R231.760 million kanye no R454.884 million esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18.

Ukuncishiswa kwesibili kwesabelo sesifundazwe ngokulinganayo kuqondene nohlelo oluqhubekayo loMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke lokuhlela kabusha izimali. Lokhu kuncishiswa kuvezwe emugqeni 2 weThebhula 2. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ukhombise ukuthi lokhu kuncishiswa kube kuncane kakhulu kwisabelomali sezifundazwe sika 2017/18. Ukuncishiswa kwenzeke kakhulu ngenxa yokuthi isabelomali sika 2017/18 senziwa ngaphansi kwesimo somnotho ontengayo, kanti kulindeleke ukukhula kwawo kwehle. Ukukhula komnotho okuntengayo kusho okufanayo ngokukhula kwentela eqoqwayo. Ngaphezu kwalokho, lokhu okubekwe kabusha eqhulwini kudinga ukwengezwa kwezimali zemisebenzi yezenhlalo okuholele ekuhlanganisweni kwezimali kanye nokwengezwa kwesabelomali (kuzochazwa kabanzi maduze nje). Ukuncishishwa kwezimali okuhlanganisiwe kubalelwa ku R105.980 million, R111.828 million kanye no R117.862 million kulo nyaka wesabelomali.

Ukwengeza kulokhu kunchishiswa okubili, ukuncishiswa kwesabelo sesifundazwe ngokulinganayo sekukonke kungu R294.688 million, R343.588 million kanye no R572.746 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18, njengoba kukhonjisiwe emugqeni 3 weThebhula 1.

Ngale kwalokhu kuncishiswa kwalesi sabelomali sesifundazwe ngokulingana, iminyango kulindekele ukuba inciphise isabelomali sayo esiKhwameni seNgenisomali

siFundazwe (Provincial Own Revenue) ngo R144.944 million, R145.405 million no R216.364 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18, njengoba kukhonjisiwe emugqeni 4 weThebhula 1. Okudale ukuba kube nalokhu kuncishiswa uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni kanye nowezeMpilo. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni, ukuncipha kudalwa ukuthi lo umnyango ubuyekeze ukubhalansiwa kwemali yesifundazwe engukheshi esebhange nsukuzonke wabona ukwehla emalini eba khona uma kuqhathaniswa naleyo eyayikhona ngalesi sikhathi onyakeni owedlule. Ngakho-ke, kubonakale kufanelekile ukunciphisa inzalo elindelekile kwingenisomali. KowezeMpilo, ukuncipha kudalwe ukunwebeka kwesikalo samazinga engenisomali kubantu abathola ukwelashwa mahhala ezikhungweni zezempilo, ngokuMnyango wezeMpilo kuZwelonke, nokudale ukuba kukhuphuke isibalo seziguli ezithola usizo mahhala ezikhungweni zikahulumeni.

Uma kuhlanganiswa ukuncishiswa kwesabelo sezifundazwe ngokulinganayo kanye neNgenisomali yesiFundazwe, isifundazwe silahlekelwa u R439.632 million, R488.993 million kanye no R789.110 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Lokhu kuncishiswa kwengenisomali kuthinta ngqo izinsizakusebenza ezikhona ezinikwe iminyango. Mayelana nalokhu, yonke iminyango yacelwa ukuba iqhamuke namasu akhombisa ukuthi yiziphi izinhlelo noma amaphrojekthi okuzoncishiswa kuwo, kube kuqinisekiswa ukuthi izinhlelo ezisemqoka zikahulumeni ezinomthelela omkhulu kwezomnotho nokwakhiwa kwamathuba emsebenzi ziyavikeleka.

Ukucaphuna amazwi kaWinston Churchill: ***"Umuntu ohlezi ebona ububi ubona ubunzima kulelo nalelo thuba, kepha umuntu ohlezi ebona ubuhle, ubona ithuba kulobo nalobo bunzima."*** Kulobu bunzima, asizame ukubona okuhle ngokuqeda ukusebenzisa imali ngokungenasidingo ukuze sikhulule izinsiza ziye ekuhlinzekeni kwezidingo.

Ukwengeza kwezeMfundo nezeMpilo

Ngapha, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke wengeze enye imali kwisabelomali sesifundazwe kwezeMfundo nakwezeMpilo. Mayelana nalokhu, Ezemfundo zithole u R634.605 million ngo 2018/19 no R686.110 million ngo 2019/20, kepha ayikho imali yokwengeza onyakeni wokuqala wesabelomali sika 2017/18. Lezi zimali zabelwe izifundazwe njengoba ingcindezi ezimalini eminyakeni eyedlule idale ukuba zingagcwaliswa izikhala zeminye imisebenzi ezivulekile noma zokuqasha abafundisi bokwengeza ngenxa yokukhula kwesibalo sabafundi. Lokhu kudale ukuba kukhule isibalo sabafundi emaklasini kwezinye izindawo. Ngenxa yalokhu, ezeMfundo zicelwe ukuba zenze uhlelo lokuqasha olubanzi oluzokhombisa ukuthi zingaki izikhala zemisebenzi umnyango ongakhona ukuzigcwalisa ngalezi zimali ezinhlelweni zawo ezehlukene. KwaZulu-Natal njengamanje sikhokhela abafundi ngaphansi kwesilinganiso esabekwa uzwelonke, kanti lezi zimali zizosiza ukulungisa leso simo esingajwayelekile.

EzeMpilo zithole imali eyengeziwe onyakeni ka 2019/20 elinganiselwa ku R211.111 million ukusiza ezingeni lengcindezi yokuthenga imithi kubadayisi bayo.

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke uhlinzeke ngemali engango R1.498 billion ngo 2019/20 kanti lokhu kuzosiza ukubhekana nokuncishiswa kwesabelomali onyakeni wokugcina wesabelomali, kanti lokhu kuzochazwa kabanzi maduze nje.

Ukuholelwa kweziNduna

Okunye okunomthelela omkhulu ezimalini zesifundazwe ukuholelwa kweziNduna kulesi sifundazwe. Lolu udaba isifundazwe obesilokhu sithwele kanzima ngalo eminyakeni embalwa eyedlule kusukela mhla kwasayinwa isiMemezelo sokuqala sikaMongameli ngoFebhuwari ka 2014 sokuthi iziNduna kumele ziholelwe. Yize noma lesi simemezelo esinquma izinga iziNduna ezizohelelwa ngalo sasayinwa, ayikho imali yokwengeza eyafakwa ezimali zesifundazwe, ngakho lona ngumsebenzi esinganikiwe imali yokuwenza. Yonke imizamo yokuthola izimali kuzwelonke ukuze senze lokhu yehluleka, futhi kuyacaca ukuthi isifundazwe kulindeleke ukuba sibhekane nalo msebenzi ongabelwanga imali, ngokusebenzisa imali yaso. Kwavunyelwana esiGungwini esiPhezulu sesiFundazwe ukuthi uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zobuHoli boMdabu (COGTA) uzokhipha u 50% wemali edingekayo ukuholela iziNduna ezimalini ezabelwe lo mnyango ngokubeka kabusha izinto eqhulwini, bese kuthi enye ingxenye ka 50% ithathwe ngokulinganayo kulawa amanye amaVoti. Isamba esidingekayo ukuholela iziNduna sibalelwa ku R252.328 million, R266.206 million no R280.847 onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Lokhu kusho ukuthi uCOGTA kumele akhiphe u R126.164 million, R133.103 million no R140.424 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18, ekubeni le enye ingxenye kumele ithathwe ngokulinganayo kwamanye amaVoti.

Izinguquko ezabelwenimali zeminyango

IThebhula 2 likhombisa ukuncishiswa kokwabiwa kwezimali zesifundazwe ngokulinganayo kanye nengenisomali yesifundazwe okwenziwe ngokulingana kumaVoti angu 15, kodwa ukuncishiswa kwengenisomali yesifundazwe kwenziwe emalini eyongelwe izimo eziphuthumayo yesifundazwe. IThebhula 2 nalo likhombisa ukunchishiswa kwezimali ngokulinganayo kumaVoti, mayelana nemali edingelwa ukuholela iziNduna, kwase kwengezwa kwisabelomali sezeMfundo nesezeMpilo, kanye nakwamanye amaVoti aqondnene nezimali ezengeziwe ezinikwe isifundazwe.

Table 2: Budget Cuts and Additions per Vote

	PES, OR & Izinduna Cuts			Education & Health			Additions from NT			Total		
R thousand	**2017/18**	**2018/19**	**2019/20**	**2017/18**	**2018/19**	**2019/20**	**2017/18**	**2018/19**	**2019/20**	**2017/18**	**2018/19**	**2019/20**
1. Office of the Premier	(3 766)	(4 214)	(6 692)	-	-	-	-	-	7 223	(3 766)	(4 214)	530
2. Prov. Legislature	(2 910)	(3 256)	(5 170)	-	-	-	-	-	5 580	(2 910)	(3 256)	410
3. Agric. & Rural Dev.	(10 313)	(11 541)	(18 326)	-	-	-	-	-	19 779	(10 313)	(11 541)	1 452
4. EDTEA	(15 360)	(17 188)	(27 293)	-	-	-	-	-	29 457	(15 360)	(17 188)	2 163
5. Education	(238 347)	(266 716)	(423 527)	-	634 605	686 110	-	-	457 095	(238 347)	367 889	719 677
6. Provincial Treasury	(3 558)	(3 982)	(6 323)	-	-	-	-	-	6 824	(3 558)	(3 982)	501
7. Health	(116 240)	(130 076)	(206 551)	-	-	211 111	-	-	222 922	(116 240)	(130 076)	227 482
8. Human Settlements	(1 766)	(1 938)	(3 210)	-	-	-	-	-	3 753	(1 766)	(1 938)	544
9. Comm Safety & Liais.	(1 058)	(1 184)	(1 880)	-	-	-	-	-	2 029	(1 058)	(1 184)	149
10. Sport & Rec	(1 851)	(2 072)	(3 290)	-	-	-	-	-	3 550	(1 851)	(2 072)	261
11. COGTA	(5 728)	(6 548)	(11 614)	-	-	-	-	-	15 134	(5 728)	(6 548)	3 519
12. Transport	(37 270)	(41 706)	(66 226)	-	-	-	-	-	71 475	(37 270)	(41 706)	5 249
13. Social Dev.	(15 725)	(17 597)	(27 942)	-	-	-	-	-	30 157	(15 725)	(17 597)	2 215
14. Public Works	(8 119)	(9 086)	(14 428)	-	-	-	-	-	15 571	(8 119)	(9 086)	1 143
15. Arts and Culture	(3 681)	(4 119)	(6 541)	-	-	-	-	-	7 060	(3 681)	(4 119)	518
Reduction to Cont. Res.	(100 000)	(100 000)	(100 000)	-	-	-	-	-	-	(100 000)	(100 000)	(100 000)
Total	**(565 693)**	**(621 222)**	**(929 015)**	**-**	**634 605**	**897 221**	**-**	**-**	**897 608**	**(565 693)**	**13 383**	**865 814**

Kumele kuqashelwe ukuthi iThebhula 2 kuphela elikhiphe u R897.608 million wemali eyengeziwe engu R1.498 billion osuka kuMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, kanti kunebhalansi ka R600 million engakabelwa mnyango njengamanje. Isizathu salokhu wukuthi unyaka ka 2017/18 unyaka wesithathu wesivumelwano samaholo abasebenzi, kanti izingxoxo zesivumelwano seminyaka emithathu ezayo kulindeleke ukuba ziqale ngo 2018/19. Ngakho-ke, kubonakala kubalulekile ukuba kushiywe lesi samba sika R600 million singabiwe okwamanje bese sifakwa ezimalini ezongelwe izimo eziphuthumayo zika 2019/20 kwenzelwe ukubhekana nesimo lapho uma isivumelwano okufikwa kuso siba ngaphezulu kwalokho umnyango okuhlelele. Lokhu kuvumela isifundazwe ukuba sengeze kwisabelomali seminyango uma kwenzeka ukubuyekezwa kwamaholo kuvunyelwana ngakho emalini engaphazu kwaleyo ehlelelwe, yize noma singakhetha ukuba lezi zimali zisetshenziselwe izinhlelo zokuhlinzekwa kwezidingo.

Okuqaphelekayo wukuthi, yize noma sincishisiwe kakhulu isabelomali sika 2017/18 nesika 2018/19, kukhona ukukhushulwa kwezabelo kuyo yonke iminyango ngasekupheleni konyaka wesabelomali, yize noma kukuncane eminyangweni eminingi. EzeMfundo zizokhuphuka onyakeni ka 2018/19 noka 2019/20, kanti ezeMpilo nazo zizokhuphuka kakhulu ku 2019/20.

Kubalulekile ukubona ukuthi akungabazeki ukuthi ukuncishiswa kwesabelomali ngaleli zinga kuzoba nomthelela othile ezinhlelweni zeminyango zokuhlinzeka ngezidingo. Lokhu kuzobonakala kakhulu KwaZulu-Natal njengoba lokhu kuncishiswa kwesabelomali kwenzeka vele sikade saqala ukuncishiselwa isabelomali eminyakeni eyedlule, kanjalo nokuthi iminyango ibisebenzisa izindlela zokunciphisa izindleko esifundazweni sethu eminyakeni eminingi eyedlule futhi lokhu nje sekufana ‘nendlela yokuphila’. IsiGungu esiPhezulu sesiFundazwe sayalela iminyango ukuba izame konke okusemandleni yayo ukuvikela lezo zinhlelo ezibekwe eqhulwini.

IZIMALI ZOKUNYE KWALOKHO OKUSEQHULWINI ESIFUNDAZWENI

IThebhula 3 lifakwe njengesikhumbuzo sezinto eziseqhulwini esifundazweni ezanikezwa isabelomali esengeziwe ngesikhathi kubuyekezwa isabelomali sika 2016/17, kepha kwakuthiwe lezi zimali zokwengeza zizotholakala kwisabelamali sika 2017/18.

Table 3: Allocations from 2016/17 Net Financial Position

Vote	Description	2017/18	2018/19	2019/20
2016/17 Adjustments Budget				
1. Provincial Legislature	Zero-base adjustment	-	-	34 569
2. Community Safety and Liaison	Carry-through for new structure	8 109	8 515	-
3. Transport	Cross-border crime fighting	48 000	-	-
4. Public Works	Mayville conference centre	4 776	-	-
5. Arts and Culture	Archive Repository	20 881	52 925	93 544
6. Sport and Recreation	Susp from 16/17 - Sport Dev Centre	10 000	-	-
Total allocated		**91 766**	**61 440**	**128 113**

ISishayamthetho sesiFundazwe

UMugqa 1 ukhombisa ukuthi iVote 2: IsiShayamthetho sesiFundazwe sizothola uR34.569 million okuyimali okuzoqhutshekwa nayo ku 2019/20 eqondene **nokungabuyekezwa kwesabelomali** okwenziwa onyakeni wesabelomali sika 2016/2017 okwakungokweminyaka emithathu kuphela (okungu R30.536 million, R32.063 million no R32.923 million ngo 2016/17, 2017/18 kanye no 2018/19, ngokulandelana), manje lesi sabelo sesizosiza ukuhlinzeka ngezimali zomunye unyaka.

EzokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi

UMugqa 2 ukhombisa ukuthi iVoti 9: EzokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uzothola u R16.624 ozokwabiwa eminyakeni emibili, okungu R8.109 million wonyaka ka 2017/18 no R8.515 million wonyaka ka 2018/19. Ngesikhathi kushaywa umthetho i**Civilian Secretariat for Police Services Act,** kwadingeka ukuba umnyango uqalise ukusebenzisa uhlaka lokumiswa kwezikhundla olubuyekeziwe okwakubala ukubonakala kwamaphoyisa kuzo zonke izifunda zesifundazwe. Ngakho-ke, ukwelekelela kulolu hlaka olubuyekeziwe, umnyango wabelwa izimali kusukela ku 2013/14, kepha lezi zimali zaphela ungakapheli unyaka ka 2016/17. Lesi sabelo sinikeza umnyango isiqiniseko sokubakhona kwezimali zeminye iminyaka emibili.

Ezokuthutha

UMugqa 3 ukhombisa ukuthi iVoti 12: EzokuThutha zizothola u R48 million **wokulwa nobugebengu obenzeka emingceleni yezwe** futhi zizohlinzekela ngezinhlaka zokulwa nobugebengu obenzeka emngceleni wase KZN/Mozambique, njengoba kwathathwa isinqumo engqungqutheleni yesigGungu esiPhezulu soMkhandlu wesiFundazwe - iLekgotla eyayingo Septhemba 2016. Lezi zimali zizokwabelwa umnyango eminyakeni emibili, u R2 million ozokwabiwa ngo 2016/17 kanye no R48 million ngo 2017/18, kepha ngaphansi kokuthi kuzokwenziwa isivumelwano sokusebenzisana noMnyango weziNdaba zaseKhaya okuyiwo obhekene nengqalasizinda esemingceleni ukuze izimali

zizokwazi ukuba zibuyiselwe lapho zizothathwa khona. Ngokufanayo, isivumelwano sokusebenzisana neSANDF naso sizokwenziwa ukuze kuqashwe okwenzeka lapha emngceleni.

EzemiSebenzi yoMphakathi

UMugqa 4 ukhombisa ukuthi iVote 14: EzemiSebenzi yoMphakathi uthola u R4.776 million ngo 2017/18 wokufaka isivimbamsindo e**Mayville Conference Centre** enkulu, kanye nokuguqula isakhiwo esikhona njengamanje sibe yindawo yokudlela. Njengamanje izingqungquthela ziyabanjelwa kule ndawo, bese kuqashwa itende elisebenza njengendawo yokudlela, kanti lokhu kwenezela izindleko.

Ezobuciko Namasiko

UMugqa 5 ukhombisa ukuthi iVote 15: EzobuCiko namaSiko uthola u R169.350 million eminyakeni emine (okungu R2 million ngo 2016/17, R20.881 million ngo 2017/18, R52.925 million ngo 2018/19 kanye no R93.544 million ngo 2019/20) wokwakha i-**Archive Repository ePietermaritzburg** ngezindleko zika R300 million, kanti kuhlelwe ukuba le phrojekthi iqale ngo 2016/17 bese ukwakha kuphele ngo 2022/23. Lesi sikhungo siyadingeka ukuze kugcineke amagugu esifundazwe. Inqolobane le izogcina futhi inakekele imiqingo yemibhalo engajwayelekile futhi ebalulekile equkethe amasiko nomlando. Njengamanje, imiqulu yase KZN igcinwe ezinqolobaneni ezintathu eMgungundlovu, eThekwini nasoLundi. Zombili izinqolobane, eyaseMgungundlovu naseThekwini, sezigcwele mfi kanti eyasoLundi ayihambisani namazinga abekiwe okugcina imibhalo ebalulekile futhi engamagugu. Kuzomele izimali zengezwe kule phrojekthi eminyakeni ezayo njengoba unyaka wokuqedwa kokwakha kungu 2022/23.

Ezemidlalo Nokungcebeleka

UMugqa 6 ukhombisa ukuthi iVote 10: EzemiDlalo nokuNgcebeleka ucele ukumisa ukusebenzisa u R10 million okwisabelomali sawo sika 2016/17 oqondene nokwakhiwa kwe **Sport Development Centre eThekwini**. UMasipala waseThekwini usalungisa izindaba zezomthetho eziphathelene nesiza esasihlonzelwe ukwakhiwa kwalesi sikhungo, ngakho lezi zimali sezizodingeka onyakeni ka 2017/18. Lezi zimali, ngokwejwayelekile, kumele zibuyiselwe ngokusemthethweni emnyangweni njengengxenye yohlelo lwesabelomali sika 2017/18.

UHLAKA LWEZIMALI ZESIFUNDAZWE KU 2017/18

Uhlaka lweziMali zesiFundazwe lubheke izinguquko ezenzeke kwisabelomali sezifundazwe, izibonelelo ezinombandela zesifundazwe, iZabelo zeNgenisomali yesiFundazwe kanye nalokho okubekwe eqhulwini okuzokhokhelwa ngemali yesifundazwe engukheshi.

Table 4 : Summary of provincial fiscal framework

R thousand	2017/18	2018/19	2019/20
1. Receipts			
Baseline Allocation	**116 267 339**	**123 404 132**	**129 160 259**
Transfer receipts from national	113 083 767	120 065 693	125 634 867
Equitable share	*94 051 218*	*99 449 582*	*105 018 756*
Conditional grants	*19 032 549*	*20 616 111*	*20 616 111*
Provincial own receipts	3 183 572	3 338 439	3 525 392
Increase / (Decrease) in allocation	**(648 528)**	**(491 763)**	**2 469 593**
Transfer receipts from national	(503 584)	(346 358)	2 685 957
Equitable share	*(294 688)*	*291 018*	*1 822 086*
Conditional grants	*(208 896)*	*(637 376)*	*863 871*
Provincial own receipts	(144 944)	(145 405)	(216 364)
Revised allocation	**115 908 467**	**123 029 712**	**131 758 844**
Transfer receipts from national	112 580 183	119 719 335	128 320 824
Equitable share	*93 756 530*	*99 740 600*	*106 840 842*
Conditional grants	*18 823 653*	*19 978 735*	*21 479 982*
Provincial own receipts	3 038 628	3 193 034	3 309 028
Provincial cash resources	289 656	117 343	128 992
2. Planned spending by departments	**115 258 467**	**122 379 712**	**130 471 844**
3. Contingency Reserve	**650 000**	**650 000**	**1 287 000**

Njengoba sengishilo, ukwabiwa kwemali yesifundazwe kanye nezibonelelo ezinemibandela zithinteke kakhulu ngokuncishiswa kwezimali uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, sibe sikhumbula futhi izimali ezihlinzekwe uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke kulezo zinhlelo ezibekwe eqhuliwini eMnyangweni wezeMfundo nowezeMpilo, kanjalo nezimali zokwengeza onyakeni wokugcina wesabelomali nezizosiza ukubhekana nokuncishiswa kwesabelomali kulowo nyaka. Futhi, njengoba bese ngishilo, isifundazwe sibona kuzokwehla isabelo seNgenisomali yesiFundazwe (Provincial Own Revenue), kanti lokhu kuzodalwa kakhulu ukuncishiswa kwezimali zoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa nowezeMpilo. IThebhula 4 likhombisa uhlaka lwezimali lonyaka wesabelomali sika 2017/18.

Imali ephelele eyabelwe iKwaZulu-Natal uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ngu R112.580 billion onyakeni ka 2017/18, R119.719 billion onyakeni ka 2018/19 kanye no R128.321 billion onyakeni ka 2019/20. Uma sihlanganisa nengenisomali yesifundazwe kanye nokheshi okhona kulokhu, isamba esiphelele esabelwe isifundazwe kulesi sikhathi sesabelomali singu R115.908 billion, R123.030 billion no R131.759 billion.

UMugqa 2 ukhombisa ukuthi iminyango yesifundazwe ihlele ukusebenzisa u R115.258 billion, R122.380 billion no R130.472 billion kulo nyaka wesabelomali. UMugqa 3 ukhombisa ukuthi isifundazwe siyaqhubeka nokuhlelela **isikhwama esongela izimo eziphuthumayo** manje esibekwe ku R650 million ngonyaka onyakeni ka 2017/18 noka 2018/19, bese sikhula sibe ku R1.287 billion onyakeni ka 2019/20. IThebhula 4, ngakho, likhombisa izimali zesifundazwe emva kokuncishiswa kwesabelomali uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, izimali ezengeziwe eziphuma eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, ukuncishiswa kweNgenisomali yesiFundazwe kanye nokuncishiswa kwesabelomali ukuze kutholakale izimali zokuholela iziNduma. Isikhwama esongela izimo eziphuthumayo onyakeni osekugcineni sizobe sakhiwe

nguR650 million wesikhwama esongela izimo eziphuthumayo, kanye nengxenye engu R1.498 billion uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa oyinike isifundazwe kepha engakabelwa msebenzi njengamanje. Njengoba ngishilo, kubonakala kuyindlela efanele yokubhekana nomphumela wezingxoxo zamaholo ongaziwa njengamanje ukuthi uzoba njani kanti lokhu kuzosiza isifundazwe ukuba sibe nemali yokwengeza eminyangweni uma isivumelwano samaholo siba ngaphezu kwalokho okuhlelelwe.

Isikhwama esongela izimo eziphuthumayo sibekelwe izizathu eziningi, kepha ikakhulukazi ukuvikela isifundazwe kumthelela wengcindezi engalethwa ukusetshenziswa kwezimali obekungalindelekile uma kwenzeka.

IZIBONELELO ZESIFUNDAZWE

Njengoba ngishilo, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke weluleke ngokuthi izinguquko kwizibonelelo zezifundazwe zincane kakhulu. Okunye ukuncishiswa kwenziwe ngenxa yemizamo yokuhlanganisa izimali. Ngaphezulu kokuhlanganiswa kwezimali, izibonelelo eziningi zizothola ukwengezwa, ekubeni sekufakwa **nezibonelelo ezimibili ezintsha** ohlakeni lwezimali njengengxenye yokukhuphula imali esetshenziselwa ezenhlalo. Ukuncishiswa kwesibonelelo onyakeni wesabelomali sika 2017/18 kugxile kakhulu kulezo zibonelelo ezingasebenzi kahle, kanjalo nalezo ezikhuphuka ngaphezu kokulindelekile.

Ezingeni eliphezulu, uguquko oluphelele esabelweni sezibonelelo zesifundazwe ukuthi sehle ngo R208.896 million onyakeni ka 2017/18, R637.376 million ku 2018/19 kanye nokukhuphuka ngo R863.871 million onyakeni ka 2019/20.

Lokhu okulandelayo izichibiyelo ezenziwe esabelweni sezibonelelo zesifundazwe:

- I**Land Care grant** engaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya (DARD) ikhuphuke kuka R682 000 onyakeni ka 2017/18 no R1.387 million ku 2019/20, kanti asinchishiswanga futhi asikhushulwanga onyakeni ka 2018/19. Lesi sabelo sesibonelelo singu R12.012 million, R12.016 million no R13.403 million esikhathini sonyaka wesabelomali.
- I**Comprehensive Agriculture Support Programme** (CASP) **grant** engaphansi koMnyango wakwa DARD yehle ngo R26.114 million, R25.497 million kanye no R6.354 million esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18. Ingxenye yalokhu kuncishiswa kwesabelomali iqondene nokuhlanganiswa kwezimali, kanye nokuqeqeshwa kwabasebenzi boMnyango kaZwelonke wakwa Agriculture, Forestry and Fisheries wokwenza izibalo zezolimo nezabantu ezindaweni zasemakhaya, ezizosiza emizamweni eqhubekayo yokuchaza ukuthi ngempela asho ukuthini amakhaya, kanye nokungako bobukhaya esifundazweni. Ukunchishiswa kwezimali kuphinde kwadalwa ukuthi izimali zenhlekelele okwakumele zinikwe iNorthern Cape zabelwa zonke izifundazwe ngephutha,

manje lokhu sekuyalungiswa. Isabelo se CASP grant singu R209.598 **million, R2**23.975 million no R243.118 million esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18.

- **Ilima/Letsema Projects grant** engaphansi komnyango wakwa DARD ithola ukukhuphuka kwezimali okuhambisana nokukhuphuka noma ukwehla kwamandla emali okungu R3.990 million ngo 2019/20. Lo mxhaso njengamanje umi ku R67.356 million, R71.263 million no R75.253 million esikhathini sonyaka wesabelomali.
- Isifundazwe sithola u R78.211 million ngo 2017/18 maqondana ne-**EPWP Integrated Grant for Provinces**, esabelwe iminyango eyahlukene, kanje:
  - EzoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya zithola u R8.466 million;
  - EzobuCiko namaSiko zithola u R2 million;
  - COGTA uthola u R3.338 million;
  - EDTEA uthola u R6.149 million;
  - EzeMfundo zithola u R2 million;
  - EzeMpilo zithola u R8.400 million;
  - EzokuHlaliswa kwaBantu zithola u R5.625 million;
  - EzemiSebenzi yoMphakathi zithola u R6.588 million;
  - EzemiDlalo nokuNgcebeleka zithola u R2 million; kanti
  - EzokuThutha zithola u R33.645 million.
- Isifundazwe sithola u R85.016 million ngo 2017/18 maqondana ne **Social Sector EPWP Incentive Grant for Provinces** eyabelwe iminyango eyehlukene, kanje:
  - EzokuPhepha nokuXhumana noMphakathi zithola u R1.487 million;
  - EzeMfundo zithola u R4.808 million;
  - EzeMpilo zithola u R47.058 million;
  - EzokuThuthukiswa kweNhlalo yaBantu zithola u R19.498 million; kanti
  - EzemiDlalo nokuNgcebeleka zithola u R12.165 million.
- I-**Education Infrastructure grant** ibonakala inokukhuphuka kuka R149.166 million ngo 2017/18, ukuncipha kuka R24.585 million ngo 2018/19 kanye nokukhuphuka kuka R83.176 million ngo 2019/20. Incwadi yesabelo ephuma eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ichaza kabanzi ukuthi ukuncishiswa kwalesi sibonelelo kungenxa yokuthi ezinye izimali zishintshiwe zabhekiswa kwi-School Infrastructure grant (ephethwe nguMyango kuZwelonke weMfundo eyisiSekelo). Lokhu kuzosiza ekutheni kuqedwe ukusalela emuva kwamaphrojekthi

engqalasizinda yezikole. Kukhona futhi nokuncipha okudalwe ukuhlanginiswa kwezimali. Ngakolunye uhlangothi, iKZN iyahlomula kulesi sibonelelo ngenxa yokuthi onyakeni ka 2017/18 yathola u 76% ngesikhathi sokuhlola ukusebenza, kanti lokhu yikho okudale kube nokwenyuka kwesabelo onyakeni ka 2017/18. Isabelo salesi sibonelelo singu R1.993 billion, R1.924 billion kanye no R2.032 billion.

- I**HIV and AIDS (Life-Skills Education) grant** engaphansi kwezeMfundo ibona ukukhuphuka okuhambisana nokukhuphuka noma ukwehla kwamandla emali okungu R3.325 million esabelweni sonyaka wokugcina esingu R56.115 million, R59.369 million no R62.694 million esikhathini sonyaka wesabelomali.

- Incwadi yokwaba ephuma kuMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ibeke ukuthi i**National School Nutrition Programme (NSNP) grant** engaphansi kowezeMfundo ikhuphukile onyakeni wesabelomali ukuhlinzekela ukukhuphuka noma ukwehla kwamandla emali okuqondene namanani okudla. Ukwengeza kwenzelwe ukubhekana nengcindezi kanye nokuqinisekisa ukuthi uhlelo luyaqhubeka nokuhlinzeka ngokudla okunempilo kulabo bafundi abafanelekile ngesikhathi besesikoleni. Ngakho-ke, isibonelelo sikhuphuke ngo R27.078 million, R29.334 million kanye no R106.078 million esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18 MTEF futhi simi ku R1.450 billion, R1.535 billion no R1.612 billion kulesi sikhathi sonyaka wesabelomali.

- I**Maths, Science and Technology grant** engaphansi kowezeMfundo incishiswe ngo R2.223 million, R4.607 million kanye no R1.060 million esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18 ngenxa yokusetshenziswa kancane kwalesi sibonelelo, ngakho kutholakale imali engango R61.660 million, R62.980 million no R66.527 kulesi sikhathi sonyaka wesabelomali.

- Kunesibonelelo esisha esizoqala kwezeMfundo onyakeni wesabelomali sika 2017/18, obizwa ngokuthi i**Learners with Profound Intellectual Disabilities grant** kanti umnyango uthola u R5.558 million, R14.739 million no R17.545 million esikhathi sonyaka wesabelomali sika 2017/18 oqondene nalokhu. Inhloso yalesi sibonelelo ukuhlinzeka ngamathuba ezemfundo kubafundi abanokukhubazeka okukhulu ngokwengqondo.

- I**Health Professions Training and Development grant** engaphansi kowezeMpilo izokhuphuka ngo R1 000 onyakeni ka 2017/18 no 2018/19, bese ikhuphuka ngo R19.667 million onyakeni wokugcina. Isabelo salesi sibonelelo sifika ku R331.944 million, R351.197 million kanye no R370.863 million esikhathini sonyaka wesabelomali.

- I**Health Facility Revitalisation grant** ibone ukuncishiselwa kulesi sikhathi sonyaka wesabelomali ngenxa yokuhlanganiswa kwezimali. UMnyango

wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke uthe lokhu kuncipha akumele kube nomthelela ekuqalweni kwamaphrojekthi akhona, kepha amaphrojekthi amasha, uma kwenzeka, kungakuhle ukuba amiswe okwesikhashana. Ngakolunye uhlangothi, iKZN iyahlomula kulesi sibonelelo sika 2017/18 ngenxa yokuthi sathola u 72% ngesikhathi sokuhlola ukusebenza. Ngakho-ke, lesi sibonelelo sikhuphuke ngo R53.445 million ngo 2017/18, sehla ngo R25.689 million ku 2018/19 sabe sesikhuphuka ngo R37.479 million onyakeni ka 2019/20. Ngakho, isabelo salesi sibonelelo singu R1.149 billion, R1.128 billion kanye no R1.191 billion esikhathini sonyaka wesabelomali.

- Isinqumo sesithathiwe sokufaka i**National Health Insurance (NHI) grant** ngaphansi koMnyango wezeMpilo kuZwelonke kusukela ngo 2017/18 futhi lesi sibonelelo angeke sisabelwa izifundazwe kusukela ngo 2017/18 kuya le. Lesi sibonelelo sizosetshenziswa uMnyango wezeMpilo kuZwelonke ngokuhambisana nalokhu okuzokwenziwa kwiphrojekthi yokuhlola ukusebenza kwe NHI ezindaweni ezingu 11, kanjalo nokuzibophezela ukusabalalisa lolu hlelo ezweni lonke.

- I**National Tertiary Services grant** kanye ne **HPV grant** zizokhuphuka ngo R100.500 million no R2.519 million ngonyaka 2019/20 ngokulandelana. Isabelo seNational Tertiary Services grant singu R1.696 billion, R1.795 billion kanye no R1.895 billion onyakeni wesabelomali, kanti isabelo seHPV grant simi ku RNil, R44.976 million no R47.495 million onyakeni wesabelomali.

- Yize noma i**Comprehensive HIV, AIDS and TB grant** incishisiwe onyakeni wesabelomali ngenxa yokuhlanganiswa kwezimali, lesi sibonelelo sisakhombisa ukukhula okuhle. Leli zinga lokukhula ligcina amandla alesi sibonelelo okuhlinzeka ngemisebenzi yokwelapha kulesi sibalo esifanayo seziguli. Ukuhlinzekela ngokuqhubeka kokunweba uhlelo lokuhlinzeka ngemishanguzo yama-ARVs ngokuhambisana nenqubomgomo yomhlaba yokuhlola nokwelapha, kunesamba esikhulu esengiziwe kulesi sibonelelo onyakeni ka 2019/20. Ngakho-ke lesi sibonelelo sehliswe ngo R37.369 million ku 2017/18 nango R69.194 million ku 2018/19, kepha sabe sesikhushulwa kakhulu ngo R556.599 million onyakeni ka 2019/20. Isabelo salesi sibonelelo singu R4.852 billion, R5.486 billion kanye no R6.112 billion kulesi sikhathi sonyaka wesabelomali.

- I**Human Settlements Development grant** incishisiwe kulo nyaka wesabelomali sika 2017/18. Kulokhu, ezinye izimali zibekelwe iSocial Housing Regulatory Authority ukukhuthaza uxhaso lwezindlu kanti ezinye izimali zibekelwe ukusiza kwi*Housing Development Agency* ukuze kuqalwe amaphrojekthi abalulekile. Ukuncishiswa okunye kudale ukubuyekezwa kabusha kwezimali. Ngakho, lesi sibonelelo sincishiswe ngo R365.661 million ku 2017/18, R361.193 million ku 2018/19 no R118.213 million ku 2019/20. Isabelo esincishisiwe salesi sibonelelo singu R3.478 billion, R3.731 billion no R3.974 billion esikhathini sonyaka wesabelomali.

- I**Mass Participation and Sport Development grant** isikhuphukile kulesi sabelomali sika 2017/18 ngo R2.649 million esengezwe onyakeni ka 2017/18, R30.888 million ku 2018/19 kanye no R37.296 million ku 2019/20, nokwenza isabelomali salesi sibonelelo sibe ngu R98.427 million, R132.031 million kanye no R138.439 million esikhathini sonyaka wesabelomali.

- I**Provincial Road Maintenance grant** yehle ngo R209.982 million onyakeni ka 2017/18, R224.228 million onyakeni ka 2018/19 kanye no R86.444 million onyakeni ka 2019/20. Indlelakubala esetshenzisiwe ukukala lesi sibonelelo ezifundazweni ibala ivisual condition indicator (VCI), ekala amaphesenti enxanxathela yemigwaqo esesimweni esihle noma esimbi esifundazweni, kanti lokhu kukhule kusaka ku 45% esikhathini sonyaka wesabelomali ka 2016/17 saya ku 55% esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18. Kunesidingo sokuba kuguqulwe le ndlelakubala ukuze kuqinisekiswe ukwenziwa ngcono kwesimo sayo yonke inxanxathela yemigwaqo. Yize noma uMnyango kuZwelonke wezokuThutha (NDOT) usushilo ukuthi uzoguqula indlela osebenzisa ngayo imali, ukuguqulela kwi VCI esezingeni eliphezulu kuzodala kungabi khona uzinzo ezabelweni zezifundazwe ngokwalesi sibonelelo. Ngokuxhumana noMnyango kaZwelonke wezokuThutha (NDOT), kwavunyelwana ngokuthi indlelakubala entsha ye VCI okuzosukelwa kuyo izoqaliswa kancane kancane iqale ku 45, 50 no 55% esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18. Ngaphezu kwalokho, kuzoba noguquko oluvumela ukuba kubalwe ngokwamatharifu obungako obuyikho kunamatharafi alinganiselwe ukuze kuhambisane kahle nendlela okuyiyo yokutshenziswa komgwaqo.

- I**Public Transport Operations grant** ithole ukwenyuka okukhulu kuka R1 000 onyakeni ka 2018/19, kanye nokwenyuka onyakeni ka 2019/20 kuka R62.805 million, nokwenze isabelomali yafika ku R1.071 billion, R1.122 billion kanye no R1.184 billion esikhathini sonyaka wesabelomali.

- I-**Early Childhood Development grant** izoqala ukusebenza onyakeni ka 2017/18 kanti ihlose ukubhekana nokufinyelela kwemfundo ebantwaneni abasemazingeni aphansi emfundo, kube kuqinisekiswa nokufaneleka kwalezi zikhungo ezihlala abantwana abancane ngalesi sikhathi esibalulekile seminyaka yabo yokufunda. Lesi sibonelelo sizokwehla kulesi sikhathi sonyaka wesabelomali nokuhambisana nokuhlelwa kabusha kwezimali, ngo R20.501 million, R32.601 million no R26.319 million, ngakho-ke lesi sabelomali sizoba ngu R71.879 million, R112.347 million no R118.629 million kulesi sikhathi sonyaka wesabelomali.

- Isibonelelo esisha esibizwa nge **Social Worker Employment grant** sizoqalwa emkhakheni wokuthuthukiswa kwenhlalo yabantu. Inhloso yalesi sibonelelo ukubhekana nezidingo zosonhlalakahle kulo mkhakha kanye nokunciphisa ukusalela emuva esibalweni sosonhlalakahle asebegogodile kepha abangaqashiwe emva kokuba sebeqede izifundo zabo bexhaswe uhulumeni. Umnyango uthola u R53.459 million, R58.855 million no R62.522 million esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18 maqondana nalesi sibonelelo esisha.

- I**Community Library Services grant** sehlisiwe ku 2017/18 naku 2018/19 ngo R2.311 million no R2.600 million ngokulandelana, kodwa sizokhuphuka ngo R7.373 million onyakeni wokugcina. Ngenxa yokusetshenziswa kancane kwales sibonelelo kulo mkhakha, sincishisiwe kanti isabelomali sawo singu R173.093 million, R182.722 million no R192.695 million kulesi sikhathi sonyaka wesabelomali.

INGQALASIZINDA

Ukusungulwa kwe Provincial Infrastructure Master Plan yesiFundazwe sekuqalile futhi kwenziwa ngokubambisana nazo zonke izikhungo ezifanele zengqalasizinda. Izindawo ezinqala okumele kugxilwe kuzo singabala amachweba, izikhumulo zezindiza, imigwaqo, ujantshi, amanzi, ezokuthuthwa kwendle, ugesi, ICT, izikhungo zezikole nezempilo, ezokuhlaliswa kwabantu, kanjalo nengqalasizinda eyisipesheli ezokweseka umkhakha ophambili wezomnotho esifundazweni. Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kuyisisekelo sokulwa nobubha nokukhula komnotho emazweni asakhula.

Isifundazwe sihlele ukusebenzisa u R12.041 billion onyakeni ka 2017/18, R12.250 billion onyakeni ka 2018/19 kanye no R13.264 billion onyakeni ka 2019/20 kumaphrojekthi ehlukene engqalasizinda. Lokhu kubala nengqalasizinda ezokhokhelwa ngesabelo esivela kuhulumeni kazwelonke (equitable share) kanye nesibonelelo esinombandela (conditional grant). Okungabaliwe lapha isamba esihlelelwe ingqalasizinda nguMnyango wezokuHlaliswa Kwabantu lapho impahla, ekugcineni ingabi ngekahulumeni, ngakho lokhu akubalwanga ethebhuleni lengqalasizinda. Uma kubalwa **imali ephelele ezosetshenziswa kwingqalasizinda ingakhuphuka ifike ku R15.084 billion onyakeni ka 2017/18, R15.541 billion ku 2018/19 kanye no R16.799** billion **onyakeni ka 2019/20**. Lesi yisibonelelo esikhulu emnothweni futhi kukhuthaza ukukhula nentuthuko ebonakalayo.

Sengikushilo lokho, kubalulekile ukuthi iminyango ingaqali ukwakha izikhungo ezintsha ngaphandle uma kunemali eyanele yokuqeda kanye nokuqala ukusebenza kwazo lezo zikhungo. Iminyango iyanxuswa ukuba iqinisekise ukuthi izikhungo ezikhona zinakekelwa ngendlela efanele futhi ziyalungiswa ukuze kuqinisekiswe ukuthi impahla yethu njengohulumeni, ebalulekile ekuhlinzekeni ngezidingo zomphakathi ayigugi.

Amanye amaphrojekthi engqalasizinda ahlelelwe ngesabelomali sika 2017/18

EzokuThutha

UMnyango wezokuThutha uzosebenzisa u **R21.576 billion** onyekeni wesabelomali sika 2017/18 kumaphrojekthi ehlukene engqalasizinda, okubalwa kuwo lawa alandelayo:

- Umgwaqo Omkhulu uP700, osuka oLundi uye Empangeni, uzolungiswa amakhilomitha angu 93.5 obuwubhuqu manje uzofakwa itiyela. Kulokhu, ingxenye yawo engamakhilomitha angu 79.5 seyiqediwe. Ngo 2017/18, umnyango uhlele

ukufaka amanye amakhilomitha angu 5, kanti lamakhilomitha azosala angu 9 azoqedelwa ngasekupheleni konyaka walesi sabelomali.

- Ibhuloho emfuleni uMdloti elisemgwaqweni omkhulu uP713 ngaphansi kukaMasipala wesiFunda iLembe laqala ukwakhiwa ngo Okthoba 2016, kulindeleke ukuba liphothulwe ngo 2017/18.
- Ibhuloho lezimoto eliphezu kweMboza oPhongolo - ibhuloho elisha elakhiwayo ngaphezu koMfula uPongola. Isiza sebhuloho singaphansi kukaMasipala uMhlabuyalingana. Umsebezi wokwakha waqala ngasekupheleni kuka 2015/16 kanti kulindeleke ukuba uphothulwe ngo 2017/18.
- UMgwaqo Omkhulu uP443 unwetshwe cishe ngamakhilomitha angu 13 ngaseNingizimu-Ntshonalanga yoMfula uPongola kanti uyingxenye ye Inkululeko Development Projects eseNdumo, kanti uyaqhubeka ngaseNingizingu-ntshonalanga ubheke ngase Ngwavuma eduze nomngcele waseSwaziland. Le phrojekthi ifaka ukuphuculwa nokulungiswa kwamakhilomitha angu 23.26 omgwaqo, okufaka nokunwetshwa konqenqema lwawo, kanye nokuvulwa nokunwetshwa kwalezi zindawo ezinciphile emgwaqeni, ukwakhiwa kwengaphezulu elisha nokufaka okuvikela isimo sezulu kwingaphezulu lalo mgwaqo. Okuhlelwe ukuba kuqedwe onyakeni ka 2017/18 ngu 8 400 square metres, kanti lokhu kulindeleke ukuba kuphothulwe kuwo lonyaka wesabelomali sika 2017/18.

EzeMpilo

Isabelomali sengqalasizinda yoMnyango wezeMpilo singu **R5.234 billion esikhathini sonyaka wezimali ka 2017/18.** UMnyango uzosebenzisa lesi sabelo kumaphrojekthi ehlukahlukene, isibonelo:

- Iphrojekthi enkulu yengqalasizinda yalo mnyango kulesi sikhathi sesabelomali ukuqhubeka nokwakhiwa kweDr Pixley kaSeme Hospital ngesabelo sika R512.406 million, R410.289 million no R361.504 million kulesi sikhathi sonyaka wesabelimali.
- Amaphrojekthi amancane abala ukwakhiwa kwebhilidi labahlinziwe elizoba nemibhede engu 192 esibhedlela saseNgwelezane, ngesabelo sika R50 million no R58.879 million onyakeni ka 2017/18 no 2018/19 ngokulandelana, kanye namahhovisi amasha esibhedlela iTown Hill ngesabelo sika R30 million ngonyaka ka 2017/18 noka 2018/19.

EzeMfundo

UMnyango wezeMfundo uhlele ukusebenzisa u R6.885 billion esikhathini sonyaka wesabelomali ka 2017/18. Lama phrojekthi alandelayo angamanye azokwenziwa:

- Umnyango uzokhuphula isibalo samaklasi amabanga aphansi ngawu 120 ukuze izikole ezino Grade R zizoba nendawo efanele.

- Umnyango uzoqhubeka nokugxila ekuhlinzekeni ngengqalasizinda yezikole ezibhekelela abakhubazekile ukuze abafundi abanezidingo ezahlukile bakwazi ukuthola imfundo. Lokhu kufaka amaphrojekthi afana nokwakhiwa kwezikole ezintsha, njenge Vulekani Special School esiFundeni iHarry Gwala, Tongaat Special School esiFundeni iPinetown, iPholela Special School kanye neNtuthuko Special School esiFundeni sasoThukela, okubalwa kuko nesikole okuhlalwa kuso.
- Umnyango uzoqhubeka nokuqalisa imihlahlandlela yamazinga engqalasizinda yokwakha izikole. Ekuqaleni kwakugxilwe ezikoleni ezingenawo amanzi, ugesi nohlelo lokuthuthwa kwendle, kanjalo nezikole ezinezakhiwo ezisesimweni esimbi kakhulu okwaqala ngo 2013 kwaze kwaba sekupheleni kuka 2016. Manje sekuzogxilwa ezikoleni ezingenazo izindlu zangasese, ezigcwele kakhulu kanye nalezo ezidinga amaklasi ayisipesheli.
- Amaphrojekthi aqondene nezikole ezintsha, amaklasi okweseka uhlelo lokufunda, amalabhorethri, amaklasi asetshenziselwa izinto ezahlukene, kanjalo nokufakwa kukagesi, kuzoqhubeka ukuze kube nokuqhubeka kokusebenza okuhle kuzo zonke izikole ezingu 5 957 eKZN.
- Uhlelo lokulungiswa kwezikole ezalinyazwa yisiphepho kanye nokunwetshwa kwezikole luzoqhubeka nokugcizelelwa. Ukwakhiwa kwezikole ezintsha ezingu 34 okwaqala onyakeni odlule wesabelomali kuzoqedelwa kulo nyaka wesabelomali sika 2017/18.
- Imali yokwengeza engu R50 million yabelwa umnyango, kanti le mali izosetshenziselwa ukuphucula uhlelo lokuhlinzeka ngamanzi nokuthuthwa kwendle ezikoleni ezingu 150. La maphrojekthi ayingxenye yezikole ezingu 453 ezihlonzwe njengezisilele emuva ezingu 1 206.
- Umnyango uhlose ukukhuphula izinga lokugcina esimweni esifanele kwezikole ngokuba usungule igatsha lokugcina esimweni esifanele izikole, kanye nokukhushulwa kwesabelo sokugcina esimweni esifanele izikole sibe ngu 20% wesabelo somnyango ngokuhambisana nohlaka lwe Education Infrastructure grant.

UKUNCISHISWA KWEZINDLEKO

Izindlela zokunciphisa izindleko ezaqala ukusetshenziswa eKZN ngo 2009/10 zisaqhubeka nokusebenza. UMnyango wezokuGcinwa KwaMafa wesiFundazwe uzokhipha kabusha isikhumbuzo esiya kuyo yonke iminyango kanye nezinhlaka zikahulumeni njengoba besenza ngaphambili ukuze sikhumbuzane ukuthi kugxiliswe izinsiza zethu ekuhlinzekeni ngezidingo. Izindlela zesifundazwe zokunciphisa izindleko kanye nalezo ezikhishwe nguMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke kufanele ziqhubeke nokuthotshelwa nangalo nyaka wesabelomali sika 2017/18.

Angeke ngiziphinde izindlela zokunciphisa izindleko kule nkulumo njengoba zingaguqukile nje kulezo zonyaka owedlule. Uhlu oluphelele luyatholakala eSahlukweni 2 seZilinganiso zeMali Engenayo Nesetshenziswa esiFundazweni engisethula namuhla, kanti izindlela zoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke zokunciphisa izindleko ziyatholakala kwi webhisaythi yabo.

UKUBUKA NGOBUBANZI IVOTI NGAYINYE YONYAKA KA 2017/18

Lesi sigaba sikhombisa izimali ezinhlelweni ziminyango onyakeni wesabelomali sika 2017/18 bese sihlinzeka ngeso elibanzi ukuthi lezi zimali zizosebenza kanjani. Iminyango ibekwe ngokulandelana kobukhulu besabelomali yayo.

Table 5 : Summary of provincial payments and estimates by vote

R thousand	Audited Outcome			Main Appropriation	Adjusted Appropriation	Revised Estimate	Medium-term Estimates		
	2013/14	2014/15	2015/16	2016/17			2017/18	2018/19	2019/20
1. Office of the Premier	766 981	767 752	728 464	658 644	690 318	689 883	742 125	787 137	822 568
2. Provincial Legislature	460 929	476 027	436 137	518 652	556 331	556 331	535 300	565 214	600 520
3. Agriculture and Rural Development	2 005 528	2 003 044	2 199 187	2 170 644	2 216 742	2 216 742	2 197 144	2 316 800	2 467 494
4. Economic Dev., Tourism & Enviro Affairs	3 311 354	2 955 803	2 983 585	2 702 992	2 604 611	2 604 611	2 784 403	3 005 556	3 180 694
5. Education	37 156 042	39 146 083	42 887 911	45 464 373	45 653 119	45 680 527	47 476 599	50 631 848	53 791 211
6. Provincial Treasury	578 426	630 949	604 520	675 280	651 306	631 844	607 844	636 900	677 272
7. Health	29 531 410	31 245 510	34 110 724	36 578 637	37 039 000	37 391 656	39 548 473	41 959 574	44 992 728
8. Human Settlements	3 617 002	3 873 178	4 131 025	3 485 112	3 530 377	3 530 377	3 843 870	4 112 605	4 379 544
9. Community Safety and Liaison	171 922	179 239	190 811	210 123	210 123	210 123	204 486	214 628	228 047
10. Sport and Recreation	414 968	451 245	437 496	426 479	427 536	427 536	463 590	481 833	510 277
11. Co-operative Gov. & Traditional Affairs	1 242 496	1 482 587	1 518 088	1 545 923	1 616 068	1 616 068	1 585 226	1 673 030	1 777 022
12. Transport	8 055 187	9 051 949	9 338 492	9 571 940	9 577 620	9 577 620	9 847 024	10 313 722	10 970 256
13. Social Development	2 329 906	2 487 432	2 610 357	2 778 162	2 782 299	2 774 885	3 041 364	3 181 765	3 382 158
14. Public Works	1 270 253	1 388 082	1 406 247	1 432 608	1 460 688	1 449 526	1 506 951	1 581 909	1 681 234
15. Arts and Culture	698 686	710 027	763 542	786 472	811 424	811 424	874 068	917 191	1 010 819
Total	**91 611 090**	**96 848 907**	**104 346 586**	**109 006 041**	**109 827 562**	**110 169 153**	**115 258 467**	**122 379 712**	**130 471 844**

iThebhula 5 lihlinzeka ngolwazi lokuthi iminyango izoyisebenzisa kanjani imali onyakeni wesabelomali ka 2013/14 – 2019/20, futhi likhombisa isabelomali somnyango ngamunye emva kokubheka ukuncishiswa kwesabelomali okwenziwe emnyangweni ngamunye.

EzeMfundo

Njengoba othandiweyo wethu uMadiba asho: *“Imfundo yisona sikhali esinamandla esingasetshenziswa ukuguqula umhlaba.”* Kanjalo-ke, ingxenye enkulu yesabelomali sesiFundazwe namanje isaya eMnyangweni wezeMfundo othola u41.2% wesabelomali. Isabelomali osithola kulo nyaka singu R47.477 billion, R50.632 billion no R53.791 billion. Isabelomali sezemfundo sizosebenza ezintweni ezehlukene, esingabala kuzo:

Ukusetshenziswa kwemali yonyaka wesabelomali kuzogxila ekwenzeni ngcono uhlelo lokufunda, ikakhulukazi ukuthola izinga eliphezulu lempahla yokusiza umfundi nomfundisi (LTSM). Mayelana nalokhu, kubekwe eceleni isilinganiso sika R2.127 billion wamazinga namaqophelo, kanti u R1.288 billion wayo owe LTSM wazo zonke izikole zikahalumeni. Isamba sika R114 million sihlinzekelwe ukwedluliselwa kwamaklasi e ECD, kanye nokuthengwa kwempahla yokufunda nokufundisa. Bonke abafundi bezikole ezisesigabeni 1, 2 no 3 bazoqhubeka nokuthola ukudla ngohlelo

lwesibonelelo iNSNP. Lesi sibonelelo sifaka nohlelo lokukhishwa kwezikelemu, futhi uvumela nokufakwa kwabafundi bezikole ezisesigabeni 4 no 5 zamazinga emfundo aphansi abaqhamuka emakhaya ahlwempu, kepha abafunda kulezi zikole.

EzeMpilo

Isamba sesibili esikhulu sesabelomali sesiFundazwe siya eMnyangweni wezeMpilo othola u 34.3% wesabelomali. Isabelomali salo nyaka singu R39.548 billion, R41.960 billion no R44.993 billion kulo nyaka wesabelomali ka 2017/18.

Isamba esikhulu sesabelomali somnyango sizokwenza imisebenzi yamaPrimary Health Care (PHC) alinganiselwa ku 87% owabantu abangenayo imishwalense yezempilo eKZN. Imisebenzi emikhulu ezohlinzekwa ezingeni lama PHC ibala ukugwema nokukhuthaza ukuhlola nokuzivikela ezifweni ezithathelanayo nakulezo ezingathathelani emazingeni omphakathi kanye nezinhlelo zokugwema nokukhuthaza ukwelashwa emitholampilo engomahambanendlwana nakuleyo eyakhiwe kanye nasezikhungweni zomphakathi zezempilo okanye nokuthola usizo olutholakala ezibhedlela zeziFunda.

Esabelweni esiphelele sika R11.829 billion sempahla nemisebenzi, umnyango wabe imali engaphezu kuka 73% ukuba isetshenziselwe izinto ezine ezinkulu, okuyimithi, NHLS, impahla yokwelapha nokukhokhela izakhiwo. Lokhu kokugcina ukufaka imali yamanzi, ugesi, abaqaphi, ukugcina inhlanzeko kanye nezindleko zokudla. Udaba oluqhubekayo yilolo lomsebenzi omkhulu wokwakhiwa iDr Pixley ka Seme Hospital, njengoba bese ngishilo. Umnyango uhlele ukuthenga imishini nezinye izimpahla njengezimoto ezintsha. Isabelomali salokhu singu R147.079 million kanti sifaka nokuhlinzekwa kwama-ambulensi nezimoto ezithwala impahla eyowashwa. Kukhona nohlelo lokusebenzisa u R475.099 million empahleni yokwelapha, okubala imishini yokthatha izithombe zeX-ray nemishini yokuhlola ama CT scanners. Umnyango uhlele nokuthenga impahla okungeyona eyokwelapha efana nezinqola, imibhede yeziguli, nokunye.

EzokuThutha

UMnyango wezokuThutha uthola u 8.5% wesabelomali sesifundazwe. Isabelomali ositholile singu R9.847 billion, R10.314 billion no R10.970 billion onyakeni wesabelomali ka 2017/18. Isamba esikhulu sesabelomali somnyango sizosebenza ukwakha imigwaqo, kanye nokugcina esimweni esifanele inxanxathela yemigwaqo yesifundazwe. Ngonyaka ka 2017/18, umnyango uzoqhubeka nokwakha kanye nokugcina esimweni esifanele amaphrojekthi afaka iMigwaqo Emikhulu oP700 osuka oLundi uye Empangeni, P127 osuka eMpendle uye eHimeville noP577 Duffs Road. Ngaphezu kwalokho, umnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka abafundi ngezithuthi kanye nokuxhasa amabhasi esifundazweni. Umnyango uzoqhubeka nemikhankaso yokuphoqelela ukuthotshelwa komthetho ngokusebenzisa uhlelo luka-Operation Shanela ukukhuthaza ukuphepha emgwaqweni.

UMnyango uqale ukuhlelela amaphrojekthi okulwa nobugebengu emingceleni ashoshozelwa uMhlonishwa uNdunankulu, asabelwe isamba sika R2 million

ezilinganisweni ezibuyekeziwe zika 2016/17. Iphrojekthi iqondene nokwakhiwa kohlaka oluzolwa nobugebengu obenzeka emngceleni ophakathi kweKZN ne Mozambique. Omunye uR48 million sewabelwe umnyango onyakeni ka 2017/18 ukuze kwakhiwe lolu hlaka. Umnyango usushilo ukuthi le phrojekthi izoba wumsebenzi weBorder Management Agency, okulindeleke ukuba isungulwe ngo Ephreli 2017.

EzokuHlaliswa kwaBantu

UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu uzothola uR3.844 billion, R4.113 billion kanye noR4.380 billion onyakeni wezimali ka 2017/18. Inhloso enkulu yesabelomali somnyango ukuhlinzekela ukwakhiwa kwezindlu emikhakheni eyehlukene yomphakathi okubalwa nezindawo zasemekhaya kanye nasemijondolo, isamba esikhulu semali sihlinzekelwe ngesibonelelo iHuman Settlements Development grant (HSDG). Onyakeni ka 2017/2018 umnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka ngezindlu, kanye nalama phrojekthi abalulwe lapha ngezansi:

Uhlelo lwesiFundazwe olubekwe eqhulwini lokuqeda imijondolo luzoqhubeka. Njengamanje kunamaphrojekthi ehlukene angu 116 asemazingeni ehlukene okuhlinzeka ngezindlu. Amane awo aseqedwe ngokuphelele, okubalwa: Louisiana e Hibiscus: Ugu District, Trennance Park: eThekwini Metro, Franklin eGreater Kokstad neGingindlovu Slums eMlalazi: King Cetshwayo District. Kulindeleke ukuthi lama phrojekthi azohlinzeka nezindawo ezingcono zokuhlala unomphelo emindenini ebalelwa ku 134 601 ehlala emijondolo njengamanje, kulindeleke ukuba kwakhiwe izindlu ezingu 24 522 kulo nyaka wesabelomali sika 2017/18. Ngonyaka ka 2017/18, kulindeleke ukuthi cishe izindlu ezingu 3 912 zizobe seziqediwe ukwakhiwa.

Umnyango uzoqhubeka nephrojekthi eyaziwa ngeCornubia Integrated Residential Project eNyakatho neTheku njengephrojekthi eseqhulwini kuzwelonke onyakeni ka 2017/18. Onyakeni wesabelomali sika 2017/18 kuzokwakhiwa izindlu ezingu 2 830, ezizohlalisa isibalo esifanayo sabantu.

UkuThuthukiswa koMphakathi

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uthole u R3.041 billion, R3.182 billion no R3.382 billion onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Isamba esikhulu sesabelo somnyango sibekelwe ukuqasha abasebenzi abazokwenza umsebenzi wosonhlalakahle. Ukuhambisana nalokhu, iSocial Worker Employment grant, eqondene nabafundi asebegogode izifundo zobu Social Work, izonciphisa ukusilela emuva kokuqashwa kosonhlalakahle abangaqashiwe, ngalokho kwehle umthwalo ongaphezulu othwelwe ngosonhlalakakhe, futhi kuqinisekise ukuhlinzekwa ngezidingo.

Njengoba bese ngishilo, umnyango uthole imali eyengeziwe yesibonelelo sikahulumeni ye-ECD nemali yama NGOs, nezimali zokusiza ekugcinweni esimeweni esifanelene kwezikhungo zama-ECD. UMnyango uzoqhubeka nohlelo lokudidiyela onyakeni ka 2017/18 ukuze uqinisekise ukutholakala kwezimali zokuqhuba umsebenzi ngokwenyusa ngo 6% isibonelelo sama NGOs onyakeni ka 2015/16 okuzokhokheleka onyakeni ka 2018/19.

Umnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka ngezidingo ezindaweni ezifana nokunakekelwa kwabantu abadala, abantu abakhubazekile, ukunakekela nemisebenzi yemindeni, kanye nokuvikelwa kwezingane, nokunye.

EzokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo

Umnyango we EDTEA uthola u R2.784 billion, R3.006 billion no R3.181 billion esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18. Isamba esikhulu sesabelomali somnyango sizoya ekudlulisweni kwezimali ezinhlakeni zawo ezifana noDube TradePort Corporation, Ezemvelo KZNWildlife (EKZNW), KZN Tourism Authority, Trade and Investment KZN, Richards Bay IDZ kanye ne KZN Liquor Authority phakathi kokunye. I-EKZNW ibhekene nenselelo yokushoda kwezimali kulalela ukuncishiswa kwesabelo esiqondene nayo ngonyaka wesabelomali sika 2016/17. Iminyango yezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha Kanye nezeMvelo ngokubambisana noMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kwisiFundazwe basabonisana ngokuthi i-EKZNW ingasizakala kanjani kulesi simo ebhekene naso.

Isabelomali sizohlinzekela ngesu le RASET, i-One Village One Product Craft Enterprise, ukuqaliswa kwezizinda zomnotho wezimboni kuzo zonke iziFunda, iWorld Economic Summit, kanye nohlelo lokulwa nezimila/izilwane zokufika. Umnyango uzokweseka ama SMME nemifelandawonye futhi usingathe uHlelo lwe KZN Youth Technical Short Skills Training.

EzoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya uthola u R2.197 billion, R2.317 billion no R2.467 billion onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Kanti esabelweni sika 2017/18, umnyango uzogxila ekwesekeni imiphakathi eshodelwa ukudla kanye nalabo abakhiqiza ukudla emazingeni asekhaya. Kuzoqhutshekwa nokweseka abalimi abahwebayo ngenhloso yokuqhubeka nokuphucula imikhiqizo yezolimo, kanye nokugxila ekuthuthukisweni kwemiphakathi yasemakhaya ngohlelo lwama agri-villages nangezindlela ezihlelwe kahle zokuthuthukisa izindawo zasemakhaya.

Umnyango uzogxila ekutholakaleni kokudla emazingeni asemakhaya ube uqhubeka nokuqalisa uhlelo lwamasu okuqoqwa kwamanzi emvula, futhi uzoba yingxenye yeRASET ekuhlonzeni, ukugunyaza nasekuqaliseni izinhlelo namaphrojekthi azosiza ekutholakaleni kokudla emindenini ehlwempu. Umnyango uzothenga imishini, ogandaganda kanye nenye impahla efanele ukweseka imingenelelo yokutholakala kokudla emakhaya. Isu lomnyango ligxile ezinsikeni ezine. ICommunal Estate Pillar izoqhubeka nalokhu okusekuqaliwe kepha igxile ekunwebeni usizo lokukhiqiza izitshalo nokuphathwa kwamabhizinisi ezolimo. AmaCommunal Estates azophinde athuthukiswe ukuze akwazi ukuzimela ngokwawo ngokwezimali. IRiver Valley Pillar, egxile ekuthuthukiseni ezolimo ngasemifuleni engasetshenziselwa ukuchelela, nokuhloswe ngayo ukuba kube nezinhlelo zokuchelela ezingu 36 kanye nokuvuselela ezinye izinhlelo zokuchelela ezingu 14. Insika yesithathu igxile ekuthuthukiseni ama-agri-villages, azosiza ekuthuthukiseni umphakathi wasemakhaya. INsika yokuBuyiswa

koMhlaba ihlinzeka ngohlelo lokweseka emva kokubuyiswa komhlaba ukuze umhlaba uqhubeke nokusebenza ngezolimo.

EzeMisebenzi yoMphakathi

UMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi uthola u R1.507 billion, R1.582 billion no R1.681 billion onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Isamba esikhulu sesabelomali somnyango esokukhokhela amarates kamasipala, amaphrojekthi okuqalisa iGovernment Immovable Asset Management Act (GIAMA). Njengoba bese ngishilo, umnyango uzothola imali eyengeziwe yokufaka isivimbamsindo eMayville Conference Centre onyakeni ka 2017/18, kanye nokuguqula ibhilidi elikhona libe yindawo yokudlela. Njengoba le Conference Centre isetshenziswa yiminyango, isikhungo esenziwe ngcono sizosiza isifundazwe ukuba songe imali yokuqasha izindawo zemicimbi. Kuphinde kwaIsifundazwe siphinde sahlinzekela ngomsebenzi wokuhlela nokudidiyela umsebenzi wama EPWP nokweseka eminye iminyango.

EzokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zobuHoli boMdabu (COGTA)

UCOGTA uthola u R1.585 billion, R1.673 billion no R1.777 billion kulo nyaka wesabelomali. Ngonyaka ka 2017/18, umnyango uzoqhubeka nokuhlela nokudidiyela ukweseka, ukhuthaze ukubusa okuhle uqinise nezindlela zokuphathwa kwezimali komasipala, uphinde uhlinzeke ngokweseka nokuqeqesha izikhungo zobuholi bomdabu. Umnyango uzokweseka nokufakwa kanye nokuhlonishwa kwaMakhosi. Unyaka ka 2017 ngunyaka okuzobanjwa ngawo ukhetho lwamalungu Omkhandlu wezoMdabu, kanti umnyango uzogxila ekwesekeni ukuhamba kahle kwalolu hlelo.Uma kukhona usizo oludingekayo kulolu hlelo, kuyobanesingo sokuthi lokhu kubhekisiswe maphakathi nonyaka.

UMnyango uzophinde usingathe ukuholelwa kweZinduna esifundazweni, ngokuhambisana nesiMemezelo sikaMongameli mayelana nalokhu. Umnyango usushilo ukuthi lokhu kukhokhelwa kuzoqalwa emva kohlelo lokuqinisekisa.

EzobuCiko naMasiko

UMnyango WezobuCiko naMasiko uthola u R874.068 million, R917.191 million no R1.011 billion onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Onyakeni ka 2017/18, umnyango uzoqhubeka nokwenza umsebenzi wawo omkhulu wokuqinisekisa ukukhula kwabo bonke abantu besiFundazwe ngokwamasiko ngokusingatha imicimbi eyehlukene yamaciko kanye nokuhlinzeka ngempahla yokubhala nokufunda. UMnyango uzophinde uhlinzeke ngokudidiyelwa kwemitapoyolwazi esiFundazweni, kanye nokwakhiwa kwemitapoyolwazi emisha ukuze ifinyelele kuso sonke isiFundazwe. Ngohlelo lwama war-room, uMnyango uzogcizelela izinhlelo okuhloswe ngazo ukuvuselela isimilo ukuze kube nokuhlalisana ngokuthula esifundazweni.

UMnyango uthola isabelomali sika R167.350 million onyakeni walesi sabelomali ukuze kwakhiwe inqolobane yokugcina imibhalo eyisipesheli kanye namagugu eMgungundlovu. Umnyango ulindele ukuthi le nqolobane iphothulwe ngo 2022/23.

Isabelomali sika 2017/18 sibala isamba sokugcina sokukhokhela ukwakhiwa kwe Arts and Culture Academy. Umnyango usohlelweni lokuphothula ubambiswano olusemthethweni nababambiqhaza abehlukene, abafana noMnyango wezeMfundo Ephakene noQeqesho, uMnyango wezeMfundo eyisiSekelo kanye nesikole esaziwa ngeNational School of Government.

IHhovisi likaNdunankulu

IHhovisi likaNdunankulu lithola uR742.125 million, R787.137 million noR822.568 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Isamba esikhulu sesabelo somnyango sizosebenza ezintweni ezifana no-Operation Sukuma Sakhe, Integrity Management, Youth Development, Nerve Centre, nokweseka uHlanga Lwezwe, iNkosi yeSizwe samaZulu, kanye nokwedluliselwa kwezinhlaka zikahulumeni ezifana naMafa, KZN Gaming and Betting Board kanye ne Royal Household Trust.

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa wesiFundazwe

Lo Mnyango uthola u R607.844 million, R636.900 million kanye no R677.272 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Isamba esikhulu sesabelo somnyango esokuphathwa kwezimali (ukwalusa ukusebenza kwezimali zeminyango, omasipala kanye nezinhlelo zokwabiwa kwezimali ezinhlakeni zikahulumeni), ukucwaningwa kwamabhuku ngaphakathi, uhlelo lokuthengiselana ngempahla nemisebenzi - SCM, kanjalo nokweseka izinhlelo ezihambisana nokuphathwa kwezimali. Ngaphezu kwalokho, umnyango uzoqhubeka nokuqalisa amaphrojekthi ahlukene afana no-Operation Pay-on-Time, Operation Clean Audit, ukuqedwa kokusetshenziswa kwezimali okungafanele, uHlelo lokweSeka oMasipala, kanye nokunye.

IsiShayamthetho sesiFundazwe

IsiShayamthetho sesiFundazwe sithola u R535.300 million, R565.214 million kanye no R600.520 million esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18. Isamba esikhulu sesabelo sesiShayamthetho sizosebenza ekushaweni komthetho nasekwaluseni, kanjalo nokubamba iqhaza komphakathi. IsiShayamthetho sihlose ukuphucula umsebenzi waso wokwalusa, phakathi kokunye, iminyango kanye nezinhlaka zikahulumeni kulo nyaka. Futhi, isiShayamthetho sizoqhubeka nokugxila kwizinqubo nezinhlelo ezidinga ukubuyekezwa kanye/noma ukuguqulwa ukuze kuqaliswe ukusebenza komthetho iFinancial Management for Parliament Amendment Act.

EzeMidlalo nokuNgcebeleka

UMnyango wezeMidlalo nokuNgcebeleka uthola u R463.590 million, R481.833 million kanye no R510.277 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18. Onyakeni ka 2017/18, umnyango uzoqhubeka nokukhuthaza ezemidlalo nokungcebeleka ngokuhlinzeka ngezinhlelo kanye nokwakha izikhungo ezifanele zezemidlalo nokungcebeleka.

UMnyango uhlose ukwakha izinkundla zemidlalo nezikhungo zokungcebeleka ezingu 68 onyakeni ka 2017/18, okubalwa izikhungo ezimbili zemidlalo nokungcebeleka okwejwayelekile, amajimu angaphandle angu 11, izinkundla ezixubile ezingu 11, izinkundla zebhola ezingu 11, izikhungo zokujima/zokudlala zingane ezingu 33 kanye

nezikhungo ezimbili ezintsha zokuzivocavoca esinazo zonke izinto. UMnyango uzoqasha abanakekeli bezikhungo abangu 26 ukuze bagcine lezi zikhungo zemidlalo ezizokwakhiwa komasipala.

Izikole eziyisishiyagalombili ezihlonziwe zizoba yingxenye yohlelo lokufundiswa ngezemidlalo futhi zizokwesekwa ekuthuthukiseni ithalente elizohlonzwa ezikoleni ngokuba nohlelo lokuncintisana kwezikole ngezemidlalo. Abafundi abangu 16 150 kulindeleke ukuba babe yingxenye yemincintiswano abavele ezifundeni kanye nakuzwelonke.

Ngokubambisana ne PRIME Human Performance Institute, uMnyango uzoqhubeka nokuguqula ezemidlalo ngokuqalisa uhlelo lokukhuthaza amathalethe, izinhlelo zokubamba iqhaza ezisezingeni eliphezulu, ukwesekwa kwezesayensi nokwelapha abadlali abanethalente. Umnyango uzoqalisa uhlelo kubadlali abangu 115 abamele izinhlobo zemidlalo engu 18 bese ubasiza ngokuhlonza labo abadlala ngokusezingeni eliphezulu, ukuhlola nokuqeqesha, ukudla okufanele nangosizo lwezempilo.

EzokuPhepha nokuXhumana noMphakathi

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumana noMphakathi uthola u R204.486 million, R214.628 million no R228.047 million esikhathini sonyaka wesabelomali sika 2017/18. Ngonyaka ka 2017/18 uMnyango uzoqhubeka nokuqalisa ukusebenza komthetho iCivilian Secretariat for Police Services Act. Isamba esikhulu sesabelomali soMnyango onyakeni wesabelomali sika 2017/18 sizosebenza emizamweni yokuphepha komphakathi, okubalwa kuyo uHlelo Lwamavolontiya Lokulwa Nobugebengu Emphakathini, ukugcinwa kwamaForamu Okuphepha Komphakathi kanye namaForamu Omphakathi Okuqapha, imikhankaso yokulwa nobugebengu, nokuhlolwa kweziteshi zamaphoyisa, phakathi kokunye.

ISIPHETHO

Yize noma isabelomali sincishisiwe, ukuzibophezela kwethu kubantu baKwaZulu-Natal ukuthi sizovikela izinhlelo zikahulumeni ezibalulekile okuhloswe ngazo ukwenza impilo engcono kubo bonke abantu. Lokhu kuyahambisana nokuzibophezela kwesifundazwe ekufezeni umbono noma iphupho lokwenza iKwaZulu-Natal ibe **"IsiFundazwe esiphumelele esinomphakathi ophila kahle, ophephile futhi onamakhono, ophila ngesizotha nokuthula, futhi sibe yisango lokungena e-Afrika nasemhlabeni wonkana"**. Njengoba sihlale sisho, ukukhula nokuthuthuka kwesiFundazwe kuyijoka likahulumeni kanye nabambisene nabo okungabantu bamabhizinisi, izinyunyana zabasebenzi kanye nezinhlangano zomphakathi. Lokhu kubonakala sekugqame kakhulu ngenxa yokuthi izinhlelo zokuhlelwa kabusha kwezimali ziyaqhubeka nokuba nomthelela kwisabelomali sesifundazwe kanye nakwizibonelelo ezinemibandela zesiFundazwe.

Umlando wethu omuhle wokuphatha kahle izimali uzosisiza ukuba sibhekane nalokhu kuncishiswa kwesabelomali sibe sigxile kulezi zinhlelo ezibalulekile ezibekwe eqhulwini. Ngifuna ukugcizelela ukuthi ukuthobela izindlela zokunciphisa izindleko

akuwona nje umsebenzi woMnyango wezokuGcinwa kwaMafa wesiFundazwe kuphela. Sonke sinendima okumele siyibambe ukuqinisekisa ukuthi lokhu kuncishiswa kwesabeloali kuzothinta imali esetshenziselwa lokho esingakubiza ngokuthi ama *'nice-to-have'* ngalokho sizame ukugwema ukunciphisa ukusebenzisa izimali emisebenzini esemqoka njengokuhlinzeka ngezidingo. Kumele siphucule indlela esisebenzisa ngayo imali ukuze sikwazi ukusebenzisa imali eningi emisebenzini emikhulu yokuhlinzeka ngezidingo kanye nasezinhlelweni ezizohlomulisa abantu bethu.

Ngesikhathi ngethula inkulumo yami yesabelomali ngonyaka owedlule, ngasho ukuthi isiFundazwe sizoqala uhlelo lokudidiyela izinhlaka zikahulumeni nokuthi ithimba lesikhashana elakhiwe yiHhovisi likaNdunankulu, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa wesiFundazwe, EDTEA kanye noMnyango weZolimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya selisunguliwe. Muningi umsebenzi osuwenziwe onyakeni owedlule futhi kunezincomo ezimbalwa eziphakanyiswe yileli thimba, ezizokwethulwa maduze nje eSigungwuni Esiphezulu sesiFundazwe. Ngifuna ukugcizelela ukuthi lo msebenzi uhlose ukuphucula ukuhlinzekwa kwezidingo kubantu kanye nomthelela wazo zonke izinhlaka zikahulumeni.

Ngifuna ukubonga uMhlonishwa uNdunankulu, uMnu. T.W. Mchunu, kanye nozwakwethu esiGungwini esiPhezulu sesiFundazwe ngokungeseka kwabo. Ngiphinde ngibonge neKomidi loNgqongqoshe Lesabelomali ngalesi sabelomali. Bekumele sithathe izinqumo ezinzima ngempela ukulungiselela lesi sabelomali sonyaka ka 2017/18.

Ngithanda futhi ukubonga uNgqongqoshe kaZwelonke uPravin Gordhan kanye nabasebenzi boMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kaZwelonke ngosizo lwabo kanye nokuseseka ngalesi sikhathi ezinzima.

Ngiphinde ngibonge amalungu esiShayamthetho sesiFundazwe, ikakhulukazi, usihlalo uMnu. S.C. Nkosi, kanye namalungu eKomidi lezeZimali ngokungeseka kwabo.

Ngibonga iziNhloko zeMinyango, oChief Financial Officers kanye nabo bonke abasebenzi bahulumeni wesiFundazwe ngeqhaza abalibambile ekuphatheni izabelomali zeminyango yabo.

Ethimbeni lami loMnyango wezokuGcinwa kwaMafa wesiFundazwe, ngithi ningo ngqa phambili!

Ngiyabonga Nhloko yoMnyango wami, Mnumzane Magagula, nethimba lakho ngokusebenza kanzima amahora amade, nibe nibhekene nesikhathi esifushane sokuhlanganisa umbhalo wesabelomali osezingeni eliphezulu ngalolu hlobo – Ngiyaziqhenya kakhulu ngani!

Ngiyabonga.